


NguMongameli
uThomas S. Monson



Imizwilili enobuMpunga Emaphikweni Wazo

Cishe eminyakeni engu 60 eyadlula, ngenkathi ngisebenza njengombhishobhi osemusha, uKathleen McKee, umfelokazi ewadini lami, washona. Kwezinye izinto zakhe kwakuyimizwilili emithathu ayeyikhonzile. Okwesibili, ngombala ophuzu ophelele du, ayezo nikezwa kubangane bakhe. Okwesithathu, uBillie, wayenombala ophuzu osulelwe ngobumpunga ezimpikweni zakhe. Udade uMcKee wabhala inothi kimi: “Ungakwazi kanye nomndeni wakho ukwenzela yena ikhaya. Akasimuhle kakhulu, kepha ingoma yakhe imnandi kakhulu.”

Udade uMcKee wayefana kakhulu njengomzwilili ophuzu wakhe onobumpunga ezimpwekweni zayo. Wayengabusisekanga ngobuhle, ophiwe ngokulinganayo, noma obongwe ngesizukulwane esizayo. Manje ingoma yakhe yasiza abanye ukuba bavumele kakhulu babekezelele imithwalo yabo futhi kakhulu bathwale kalula imisebenzi yabo.

Umhlaba ugcewele imizwilili ephuzu ezinobumpunga ezimpikweni zazo. Okudumazayo ukuthi bayigugu abambalwa abafundile ukucula. Abambalwa bangabantu abasebasha abangazazi ukuba bangobani, ukuthi bangaba yini noma kunjalo bafuna ukuba yini; konke abakufunayo ukuba ngumuntu othize. Abanye bakhothame ngeminyaka, bathwaliswe ngokunakekela, noma

bagcwele ukungabaza—baphila izimpilo ngaphansi kwesigaba samakhono abo.

Ukuphila ngokuphakeme, kumele sithuthukise ikhono ukubhekana nezinkinga ngesibindi, ukudumala ngokwenama, futhi ukunqoba ngokuzithobileyo. Uyabuza, “Singaphumelela kanjani kulezinhloso?” Ngiyaphendula, “Ngokuzuza ukubona kweqiniso kokuthi singobani nge-mpela!” Singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu ophilayo, loyo thina esidalwe ngomfanekiso wakhe. Cabanga ngalokho: *badalwe ngomfanekiso kaNkulunkulu*. Asikwazi ukubamba ngokuthembeka lesisinqiniseko ngaphandle kokuhlangabezana nokujula okusha okuzwakalayo kwamandla futhi negunya.

Emhlabeni wethu, isimilo esilungileyo salemihla sibonakala ngokwesibili ebuhleni noma ekubukekeni. Kepha esikhathini eside esadlulayo ukululekwa kwe-Nkosi kuSamuweli umprofethi enanela: “iNkosi ibona hhayi lokho umuntu akubonayo; umuntu ubona ukubukeka okungaphandle, kepha iNkosi ibona enhlizweni” (1 uSamuweli 16:7).

Ngenkathi uMsindisi adinga umuntu onokholo, Akazange amkhethe esixukwinini salabo abalungileyo ngokwabo labo abatholakala ngasosonke isikhathi endlini yesonto lamaJuta. Kodwa, Yena wababiza phakathi kwabadobi base Capernaum. Ngokungabaza, ongafundile,

ngokushesha uSimon waba nguPeter, uMpostoli wokholo. Umzwilili ophuzu ompunga ezimpikweni zayo wafaneleka ekuthembekeni obuphelele bukaThisha futhi nothando oluhleli.

Ngenkathi uMsindisi akhetha umfundisi oyisithunywa onentshisekelo kanye namandla, Wamthola yena hhayi phakathi kwabameli Bakhe kepha phakathi kwezitha Zakhe. uSawuli umshushisi waba nguPawuli ongumguquli.

Umhlengi wakhetha abantu abanesici ukufundisa indlela eya ebuhleni obuphelele. Wakwenza kunjalo ngalesosikhathi. Uyakwenza namanje—noma kunjalo imizwilili ephuzu enobumpunga emaphikweni azo. Uyakubiza wena futhi nami sisebenzele Yena lapha ngaphansi. Isithembiso sethu kumele siphelile. Futhi emizamweni yethu, uma sikhubeka, asicele: “Sihole, maye sihole, Mbumbi omkhulu womuntu, ngaphandle kobusuku ukuba uzame futhi.”¹

Umthandazo wami ukuthi singalandela isibonelo seNdoda yaseGalilee, loyo ongatholakala ahangene nabampofu, abaphukile, abacindezelwe, futhi nabahlukunyeziwe. Ingoma yeqiniso mayivele ezinhlizweni zethu njengoba senza njalo.

AMANOTHI

1. “Iculo Lempi,” iYonkers Isikole Sebanga Eliphakeme.

UKUFUNDISA NGALOMLAYEZO

Uma ufundisa . . . , kuvamisile ukusiza ukuba nabafundi babuke noma balalele into esobala” (*Ukufundisa, Ibizzo Elingasilikhulu* [1999], 55). Ukusiza amalungu omndeni ukuzwisisa umlayezo kaMongameli uMonson, cabanga ubuze bona ukuthi bazilungiselele ukwabelana ngalokho abakufundile emva kokufunda lomlayezo bebonke. Mema oyedwa umuntu ukuthi abelane ngalokho owesilisa noma owesifazane lokho akuzwayo ukuthi kuyiphuzu elibalulekileyo kulocezu. Qeda ngonkubeka ubufakazi ngomlayezo kaMongameli uMonson.

Ukufundisa izwi likaNkulunkulu, njengoba linikeziwe ngabaprofethi Bakhe, lingaba nemfundiso enamandla ezimpilweni zalobo esibafundisayo (bona *Ukufundisa, Ibizzo Elingasilikhulu*, 50). uMongameli uMonson uthi kunamandla futhi negunya ekwazeni ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu. Emva kokufunda locezu, buza umndeni ukuthi wabelane ngalokho okusiza bona ukukhumbula ukuthi bangobani bona.

ULUSHA

Yini Ubuhle Beqiniso?

UMongameli uMonson uthi kulomlayezo, “Emhlabe-ni wethu, isimilo esilungileyo salemihla sibonakala ngokwesibili ebuhleni noma ekubukekeni.” Abesimame abasebasha bangahle bahlupheke ngokubukeka kwabo ukuba bangobani bona futhi bangaba ngobani. Cabanga ngalemi cabango ngobuhle beqiniso evela kuGosa uLynn G. Robbins wabeshumi nesikhombisa:

- Owesivazane osemusha ukubekezela kwakhe okucwebezelayo kokubili ukujabula kanye nokukhipha ubuhle besimo sangaphakathi.
- Ukumoyezela okulungileyo kungubuhle beqiniso ngenoba kukhipha ngokuphelele ngendlela eyimvelo. Lobuhle beqiniso akusoze kwapendwa kepha kuyisipho sangoMoya.
- Ukuzithoba kunguphawu olungaphandle futhi isidingo sobuhle obungaphakathi.
- Uma udumazekile ngokubukeka kwakho, kuzakusiza ukuba uzibone ngaphakathi kwamehlo walabo abakuthandayo. Ubuhle obufihlakele okubukwa ngabathandekayo kungaba isibuko sokuzithuthukisa.
- Uhlobo lowesilisa lowo olungileyo owesifazane afuna ukumshada futhi “akambuki” njengendoda yemvelo imbuka (bona 1 uSamuweli 16:7). Uzakusondela kubuhle beqiniso owesifazane akukhiphayo enhlizweni emsulwa futhi inhliziyi ejabulile. Ngokufanayo kuyiqiniso owesifazane osemusha ofuna owesilisa osemusha olungileyo.
- Ubaba Wethu waseZulwini ulindele zonke izingane Zakhe ukuba zikhethe okulungile, okuyindlela kuphela yenjabulo ehlala isikhathi futhi nobuhle obungaphakathi.
- eNkosini, awukho umncintiswano. Bonke banelungelo elilingene ukuba nomfanekiso Wakhe ofaxaziwe ekubekezeleni kwabo (bona uAlma 5:19). Abukho ubuhle beqiniso.

Ukufunda umlayezo ophelele, bona uLynn G. Robbins, “Ubuhle Beqiniso,” *New Era*, Nov. 2008, 30. Abesilisa abasebasha bangathola iseluleko esifanayo kuErrol S. Phippen, “Ugly Duckling or Majestic Swan? Kuphuma kuwe,” *iLiahona*, Oct. 2009, 36.

Cula Iculo Lakho Elimnandi

UMongameli uMonson wakhuluma ngemizwilili emithathu kaDade uMcKee. Ezimbili zaziphuzu yonke indawo. Yayibukeka ilungile! Eyesithathu yayingabukeki ilungile ngokuba yayinamabala ampunga ezimpikweni zayo. Kepha uDade uMcKee wayeyithanda ngokuba yayicula kamnandi.

Abambalwa abantu bazizwa bengasibahle noma bengahlakaniphile njengabanye. Kepha omunye nomunye

umuntu ubalulekile eNkosini. Singaba nokholo futhi sibenesibindi futhi sisebenzise iziphiwo zethu ukusebenzela abanye. Manjalo singabafana nomzwilili ophuzu onobumpunga ezimpikweni zayo. Asiphelele du, kepha sicula iculo lethu elimnandi!

Bhala izindlela ezintathu ongacula iculo lakho elimnandi eNkosini.

Ngingacula iculo lami elimnandi eNkosini ngoku:

1. _____
2. _____
3. _____

Ukuvuselela Izivumelwano Ngesidlo seNkosi



Fundisa lemibhalo kanye nokucashuniwe noma, uma kunesidingo, umthetho omunye

ozobusisa odade labo obavakashelayo. Beka ubufakazi bakho ngemfundiso yobuKrestu. Mema labo obavakashelayo ukuzo kwabelana ngalokho abakuzwile nabakufundile.

uJesu Krestu wahlanganisa Isidlo seNkosi

“uJesu wathatha isinkwa, wasibusisa futhi wasihlephula, futhi wasinikeza abaPostoli bakhe, esho, ‘Thatha, idla (uMatt. 26:26). ‘Lona umzimba wami lowo onikeziwe kinina: lokhu nikwenze ngesikhumbulo sami’ (uLuka 22:19). Ngeindlela efanayo wathatha inkomishi enewayini, ngokwesizukulwane ehlanganiswe ngamanzi, washo isibusiso sokubonga kuwo, futhi wasidlulisela kulabo abahlangene naye, esho: ‘Lenkomishi iyitestamende elisha egazini lami,’ elichithiweyo . . . ukuthethelelwa kwezono.’ ‘Lokhu nikwenze ukukhumbula mina.’ . . .

“Kusukela kulesosifundo kulelogumbi eliphezulu kusihlwa eGethsemane futhi eGolgotha, izingane zesithembiso balokhu bengaphansi kwesivumelwano ukukhumbula umnikelo kaKrestu kulendlela entsha, ephuzulu, engcwele kakhulu futhi ngendlela eyakhe yedwa.¹

iGosa uJeffrey R. Holland weKhoramu yabaPostoli Beshumi Nambili.

Sivuselela Izivumelwano Zethu Zokubhabhadiswa ngeSidlo seNkosi

“Uma sibhabhadiswa, sithatha kithina igama elingcwele likaJesu Krestu. Ukuthatha igama Lakhe kithina kungenye yezifundo ezibalulekileyo kakhulu esinazo empilweni. . . .

“Evikini linye emhlanganweni wesidlo seNkosi sithembisa ukukhumbula umnikelo wokuhlawulelwa koMsindisi wethu njengoba sivuselela izivumelwano zokubhabhadiswa kwethu. Sithembisa ukwenza lokho uMsindisi akwenzana—ukulalela uBaba futhi sigcine imiyalo Yakhe. Isibusiso esisitholayo njengenzuzo ukuba noMoya Wakhe ube nathi njalo.”²

iGosa uRobert D. Hales weKhoramu yabaPostoli Beshumi Nambili.

“Nganginentombazana eneminyaka eyishishagalolunye ngalelosuku sokubhabhadiswa kwakhe. Ekupheleni kosuku washo ngokuzithemba okukhulu, ‘Ngibhabhadisiwe usuku lonke, futhi ankaze ngona nakanye!’ Kepha usuku lwakhe elilungile alizange lihlale isikhathi eside, futhi ngiqinisekile uyafunda njengama-nje, njengoba sonke sifunda, ukuthi njengoba kunzima njengoba sizama, asivikeli njalo isimo esibi, konke ukukhetha okungalungile. . . .

“. . . Angeke kwenzeke ushintsho lwangempela ngokwethu kuphela. Amandla ethu okuzenzela futhi izinhloso ezilungile zethu aziphelele.

USIZO NGOKUFUNDISA NGOKUVAKASHA

Njengoba uzama ukwazana nodade kanye nomndeni wakhe, buka izindlela ezingahle zisize yena ekuvuseleleni izivumelwano zakhe ngesidlo seNkosi. Uma engabikho- na emhlanganweni wesidlo seNkosi, ungakwazi ukumema yena noma unikele ngokusiza yena enze njalo (ukuthutha, ukusiza ngezingane, umngani ozohlalisana naye, njalo njalo)?

UKUZILUNGISELELA NGOKWAKHO

uLuka 22:7–20

1 abaseKhorinte 11:23–28

3 Nifayi 18:1–12

Uma senza amaphutha noma sikhetha ngokungalungile, kumele sibe nosizo kuMsindisi ukubuyela endleleni. Sithabatha isidlo seNkosi amaviki namviki ngokulandela ukubonisa ukholo lwethu emandleni Akhe ukushintsha thina. Sivuma izono zethu futhi sithembise ukuziyeka.”³

uJulie B. Beck, uMongameli Jikelele Wabesifazane Abakhululekileyo.

AMANOTHI

1. uJeffrey R. Holland, “Lokhu Nikwenze Ukukhumbula Mina,” *Ensign*, Nov. 1995, 67.
2. uRobert D. Hales, “Isivumelwano Sokubhabhadiswa: Ukuba Sembusweni futhi Yombuso,” *iLiahona*, Jan. 2001, 8.
3. uJulie B. Beck, “Khumbula, Phenduka, futhi Shintsha,” *iLiahona*, uMeyi 2007, 110–11.

© 2010 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. IsiNgisi esivunyelwe: 6/09. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/09. Ukuhumusha ko *Visiting Teaching Message*, June 2010. Zulu. 09366 783